Inkosi uJosefa wayesebhubhile! Badana abakibo labonke eGibhithe. UNkulunkulu wayesebenzise uJosefa umHebheru ukuba

asindise umhlaba ngesikhathi sendlala.



Wayengumkhokheli
ohlakaniphileyo,
othandekileyo.
Manje kathesi
wayesetshonile.



Iminyaka edlula amakhulu amathathu yedlula. Uhlobo lukaJosefa, amaHebheru, basebeyisizwe esinamandla kwaseGibhithe. UFaro omutsha wayesesaba ukuthi amaHebheru lawa bengaba lomvukela, yikho wabenza baba yizigqili bonke.



UFaro wayebaphatha kubi amaHebheru. Ebasebenzisa ukuba bayakhe amadolobha amakhulu. Kodwa loba bencidezelwa kanjani, amaHebheru babelokhu besanda besiba banengi.



Kwelinye ilanga, kweza umbiko osabekayo ovela kuFaro. “Osane bonke abamaHebheru abangabafana kumele bajikijelwe esifuleni.” UFaro lo owayelomoya omubi wayesezinikele ukwenza inani lamaHebheru liyehle. Wayesezinikele ukubulala losane oluncane.



"Singayenzani?" kwabuza enye imuli.  Ngalokho basebecabanga ukuthi ngcono bafake usane lwabo emfuleni kaNayili.  Kodwa uzabe ephakathi kwebhasikithi elingangeni amanzi.



Ibhasikithi leli esingalifanekisa lomkhumbi omncinyane, latshelelela phezu kwamanzi omfula ngaphakathini kwamahlanga. Kambe kungaba yini okungenzeka kusane lolu?



Udadewabo wosane lolwo wayebukele ibhasikithi eme khatshana, elibona lintsheleza phezu kwamahlanga.



Duku duku, indodakazi kaFaro yathutsha emfuleni iphelekezelwa yizisebenzi zayo ukuze izohlamba. Kwakungela ndlela yokufihla ibhasikiti. Ingxenye bazadlula bengaliboninga.



"Oh! Kule bhasikithi. Ngale, emahlangeni. Kambe lingabe lilani phakathi." Indodakazi kaFaro yyasixwayisa izisebenzi zayo ukuba bayothatha lelo bhasikiti alibonileyo. Wathi elivula, usane lwakhala. "Lusane lwamaHebheru," yatsho inkosazana.



"Wazewahawulisa lumntwana. Njalo muhle."
Ingxenye indodakazi kaFaro yakhuluma losane lolu ngendlela abanengi abadala abakhuluma ngayo. Ingxenye wathi "Ootchie-kootchie Koo-ums" elutsho lokho ngesihlobo sesiGibithe.



Ngeqiniso uNkulunkulu engabe wanikeza ukuhlakanipha kudadewabo wosane ngoba wagijima waya kundodakazi kaFaro watho, “Ngingalitholela yini umngcedisi womntwana ongumHebheru ukuze aligcinele ingane?”
“Yebo ngidingela”, kwatsho inkosazana iphendula.
Ubona angani usisi lowu wagijima wayodinga ubani?



"Mama!  Woza ngokushesha!  Phangisa bo!" Usisi lowu engabe wayengelalo ithuba lokuchaza.  Bebonke bobabili bagijima.



Ngale emfuleni, indodakazi kaFaro yayiphethe umntwana. "Ngcela ungigcinele yena, ngizakubhadala. Umnikeze igama elithi Mose."

UMose yisihlobo seGibhithe esitsho ukuthi ijaha lemanzini.



Ngokunjalo uMose wabuyiselwa ngakibo okulabazali bakhe. Bamfundisa ukuthanda imilayo kaNkulunkulu. Maduzane wayezahamba ayohlala endlini yeNkosi lendodakazi kaFaro. UNkulunkul, onguye owabalomusa ngempilo yakhe, wayehlele okuneki ngempilo kaMose.



Inkosana yasesifuleni

Indaba evela elizwini likaNkulunkulu, iBhayibhili

itholakala ku

Eksodasi 2

"Isango lamazwi akho lunika ukukhanya."
Amahubo 119:130

Indaba leyi eyeBhayibhili isitshela ngokubukeka kukaNkulunkulu owasidalayo njalo ofuna wena ubemazi.

UNkulunkulu uyakwazi ukuthi senze izinto ezimbi, lezo azibiza ngokuthi yizono. Umjeziso wesono yikufa, kodwa uNkulunkulu uyakuthanda kakhulu okokuthi Wakuthumela iNdodana yakhe, yona eyiyo yodwa, uJesu, ukuze afele esiphambanweni ejeziselwa izono zakho. UJesu wasevuka kwabafileyo wahamba ekhaya eZulwini! Nxa ukholwa kuJesu njalo umcele ukuba akuthethelele izono zakhe, Uzakwenza lokho! Uzabuya ahlale ngakuwe, lawe uzahlala Laye ngokunaphakade.

Nxa ukholwa ukuthi lokhu kuliqiniso, tshono lokhu kuNkulunkulu: Kuwe Jesu, ngiyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu, njalo wabangumuntu ukuze ufele izono zami njalo kathesi Uyaphila ngokunjalo. Ngicela ungene enhlizweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngibe lempilo entsha kathesi, kwelinye ilanga ngihambe ngiyokuba Lawe ngokunaphakade. Ngiyacela ukuba ungingcedise ngiKuhloniphe ngiKuphilele njengomntwana Wakho. Amen.

Funda iBhayibhili njalo ukhulume loNkulunkulu nsukuzonke! Johane 3:16